

Inkulomo yeSabelo ziMali sika-2011/2012 ethulwa uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho nezokuVakasha KwaZulu-Natal, uMnuz Michael Mabuyakhulu kusiShayamthetho saKwaZulu-Natal mhlaka 25 Mbasa 2011

INGQIKITHI: “MANJE SEKUYISIKHATHI SOKUTHI SIBAMBISANE EKUKHULISENI UMNOTHO”

**Mama Somlomo, Mhlonishwa, Nkk P. Nkonyeni;
Phini likaSomlomo, Mhlonishwa Mnuz M. Mthimkhulu;
Ndunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal, Mhlonishwa Dokt Z.L. Mkhize;
Malungu ahloniphekile alesiShayamthetho;
Zivakashi eziqavile;
Abezindaba abakhona lapha;
Nabangane bethu;
Manene namanenekazi.**

Sihlalo, lapha ngisikuma ukwethula inkulumomgomu yesabelo zimali soMnyango woku-Thuthukiswa koMnotho nezokuVakasha sangonyaka ka -2011/2012.

Kunokuvumelana ngazwi linye kwabo onke amaqembu ezombusazwe ukuthi ukukhulisa kwezomnotho kanye nokuqinisekisa ngokuquhadelana kwabo emhlabeni jikelele, kubalulekile ekuxazululeni izinkinga zezenhlalakahle nomnotho ezikhungethe abantu bakithi. Ngaleyondlela, sineqiniso ukuthi kunenqwaba yamathuba alindele ukusetshenziswa emhlabeni kanye nasezifundeni, ukuze kukhuliswe futhi kuthuthukiswe isifundazwe sethu. Nokho siyabona ukuthi ithuba elingasetshenziswa liphenduka isiqalekiso kulabo bantu abangaliboni, abangalisebenzisi. Njengoba singena kulesikhathi sonyaka esiphatheka ngesandla sokwabelana ngokukhula, simema nabantu bakithi ukuba bahambisane nathi futhi baqonde ngomsebenzi walomzuzu. Isethulo sethu sanamuha esokuveza ukuthi njengesifundazwe, sekuseduze ukuthi sikhathi ukufenza izinto ezinkulu uma sisebenzisa lamathuba akhona.

Sihlalo, lokhu kuzika komnotho emhlabeni jikelele okusandakwenzeka sekwenze izinguquko ebusweni bezwe kwezomnotho kanti lokho kungathathwa njengethuba lokuba siphubezele phambili uhlelo lwethu lokutshala umnotho wethu ebalazweni lomhlaba. Sihlalo, uhulumeni wethu namhlanje ushaya isigxivizo sokuqinisekisa ukuthi siyasizakala kulamathuba. Ilabo kuphela abaqondayo ukuthi isikhathi sonyaka esibambeka ngesandla sokwabelana ngokukhula sesifikile, abayokwazi ukusizakala kulathuba. .

Ukuthuthukiswa koMnotho eMhlabeni:

Sihlalo, ngaphambi kokuthi ngibike ngomsebenzi esiwenze ngalonyaka odlule wezimali, ithi ngiqale ngiqale ngokwenza isithombe somnotho womhlaba uma siqhathaniswa nesimo sethu. Ukunyakaza komnotho womhlaba kuthole umgqigqo ngonyaka ka-2010 kwazizakala abaningi ngezimali nangokufukuleka kwezikhwama zombuso okuye kwaqhube ka ezindaweni eziningi zomhlaba. Ukukhula komnotho emhlabeni kuqhube kile nokwesekwa okumbaxa mbili lapho iminotho esithuthukile iqhubekile nokucindezeleka kwazothi kulawomazwe asafufusa nasathuthuka kwanokuvumbuluka okukhulu. Abe International Monetary Fund (IMF) babe sebebika ngonyaka odlule ukukhula komnotho ngo-5.0% emhlabeni.

Ukuthuthuka koMnotho eKhaya:

a) E-Ningizimu AfriKa

Kulelizwe, kube nokukhulula ngo-4.4% ezinyangeni ezine zokugcina zokuphela kuka-2010. Lokhu kulandelwe u-2.7% (okubuyekezwe kusuka ku-2.6%) ekukhuleni kwekota eyendulela lena. Lokhu kukhula okwenzeke ngekota yesine bese kungokwesithupha kukhula amakota elandelana kusukela kwagcina ukuqoshwa ekupheleni kokuhlhela komnotho ngo-2009. Uma sibheka ngonyaka, umnotho ukhule ngo-2.8% uma siqhathanisa nokwehla ngo-1.7% kwango-2009. Okuyizona zinto ezifukule umnotho ngo-2010 kube amanani aqinile empahla, ukwehla kwentela yemali ebolekiwe kanye nokukhula ngesivinini emhlabeni. Nakuba kube nokukhula komnotho okubonakalayo ngo-2010, nokho ukukhula komnotho wezwe lethu kuye kwasalela emuva kunaleyeminye iminotho esafufusa. Nakuba kunjalo, uMgcinimafa kazwelonek ulindele ukuthi umnotho ukhule ngo-3.4% ngo-2011, 4.1% ngo-2012 bese kuba u-4.4% ngo-2013. Nonyaka, ukukhula komnotho kuzoncika ekuzethembeni okuqinile kwabathengi kanye nokwanda kokutshalwa kwezimali.

b) KwaZulu-Natal

Umnotho waKwaZulu-Natal ukhule ngo-3.9% kukota yokugcina ka-2010. Lokhu kungu-1.4% uma kuqhathaniswa nekota yesithathu. Okuyizona zinto ezenyuse umnotho ngo-3.9% ikota nge kota kube izimayini (ngo-11.5%), ezolimo (ngo-10.2%), imisebenzi ejwayelekile kahulumeni (ngo-5.4%), ezokukhiqiza (ngo-4.2%), ugesi namanzi (ngo-4.1%), ezama wulisela kanye nokuhwebelana (ngo-3.9%) kanye

nezokuthutha nokuxhumana (ngo-3.9%). Ngekota yesine, ukukhula kwesifundazwe kuye kwasalela ngemuva kunalokho kukazwelone. Lokhu kube ngenxa yokuthi izinga lokukhula kukazwelone okungu-4.4% kwasekelwa ikakhulukazi umkhakha wezezimayini owakhula ngo-17.1% wanezelalo ngo-0.9% wamaphoyinti kulokhu kukhula. Izimayini zalesisifundazwe zifaka isandla sika-1.1% esikhwameni sesifundazwe i-GDP uma kuqhathanisa nokusendinganisweni ka-5.3% kuzwelone. Ngokonyaka, isifundazwe sethu sibe nokukhula kuka-2.6% kulandela ukwehla ngo-1.8% ngo-2009. Ukwenyuka kokuthenga kwabathengi, indebe yebhola lomhlaba ka-2010 ngezinye zezinto ezenze ukhule umnotho wesifundazwe.

c) *Ukuthuthuka kweziMakethe zezeziSebenzi*

Imakethe yezezisebenzi ilokhu icindezelekile nakuba kunokusimama komnotho ezweni. Isibalo sabantu abangasebenzi kulezisundazwe senyukile sisuka kubantu abangu-588 000 ngekota yesithathu saya ku-601 000 ngekota yesine. Ngebhadi lokhu kube ngenxa yokwenyuka kwesibalo sabantu abafuna umsebenzi, sisuka ku endinganisweni ka-460 000 ngo-2009 saya ku-530 000 ngo-2010. Lokhu kwenzeka nakuba kunokuncipha kwesibalo sabantu abangasebenzi siba ngu-19.8% uma kuqhathanisa no-20.6% wango-2009. ngokokuqashwa kwabantu, i-KwaZulu-Natal idale imisebenzi engu-38 000 ngekota yesine nakuba bekunokwenyuka kwabantu abangasebenzi ngo-0.1%. Ngokonyaka, ukuqashwa kuye kwehla ngo-37 000 kusuka esibalweni esingu-2.476 million esasiqoshwe ngekota yokugcina ngo-2009. Lezibalo zikubeka ngokusobala ukuthi kunesidingo sokusebenzisana kukahulumeni nabezimboni ezizimele ukuqinisekisa ukukhulisa komnotho ngokudalwa kwemisebenzi.

d) *Imigomo yokuBuyekezwa kwezoMnotho*

Umgomo wenhlalo yalelizwe uye waguquka kakhulu kulonyaka odlule. Ukuthuthukiswa kwe-New Growth Path, Industrial Policy ction 2 (IPAP2) kanye nomgomo wezohwebo kube ngokunye wemiyalo yenqubo mgomo entsha. Lemigomo igcizelela ukusimama kokukhula komnotho okubhekene nezinkinga ezimbili zezomnotho okunguku ngasebenzi kwabantu kanye nobubha. Ukuze isebeleza lemigomo kulesifundazwe, uMnyango uye wazibophezela ukuba ubuyekeze isibalo esithile samasu ukuze kwenziwe izibonelelo nokungenelela kukahulumeni. Lo-Mnyango ngaphansi kweso Iwe-Economic Sectors and Infrastructure Development Cluster, kumanje ubuyekeza amasu ezomnotho afana ne-Provincial Spatial Economic Development Strategy (PSEDS) kanye ne-KwaZulu-Natal Industrial Development Strategy. Ngaphezu kwalokho, uMnyango usuphothula ukuthuthukiswa kwe-Provincial Export and Investment Strategies.

Ngalamasu kuhloswe ukuthi kuvulwe ukuthunyelwa kwempahla emazweni angaphandle ilesifundazwe kanye nokuheha kokutshalwa kwezimali nganeno ngendlela ehlelekile. Ukuthuthukiswa kwalamasu amabili kuhambisana nse ne-2009 Economic Recovery and Job Summit eyenza isiphakamiso sokuthi uMnyango kufanele uthuthukise lamasu. Nokho-ke, zonke lezizinyathelo zalemigomo zihambisana nezidingo ngqangi zezomnotho zikazwelone.

U-Mnyango, kanye nazo zonke izinhlaka zaho nosebenzisana nabo, ngokwezinhlalo zamasu awo, ususungule imisebenzi eqondile engu-5 500 ngonyaka wezimali ka-2010/2011. Kulindeleke ukuthi ngenxa yesabelo zimali sika-R1.5 billion ngo-2011/2012 kuphinde kudalwe eminye imisebenzi engu-20 000 ngokubambisana nabezimboni ezizimele.

IMPUMELELO YANGO 2010/2011:

Kumanje sizoke sibheke izinto ophumelele ukuzenza uMnyango nosebenzisana nabo kulonyaka odlule wezimali. Kodwa ngaphambi kokuthi sidalule ezinye zalezizinhlelo, ake ngiqale ngokuthinta iqhaza elibanjwe uMnyango ngesikhathi somqhudelwano wendebe yebhola lomhlaba.

INDEBE YOMHLABA:

Njengengxene yokwenza ukuthi kube impumelelo ukusingathwa kwemidlalo yendebe yomhlaba, uMnyango wami wawunemisbenzi emibili enqala, okuqala kwakuwkuthengisa isifundazwe kubantu baso, abakazwelone kanye nabamazwe omhlaba, kanjalo nokuqinisekisa ukuthi abantu bayaya ezindaweni ezazihlelelwe ukubuka lemidlalo yebhola (Public Viewing Areas) kuzo zonke izifunda ezilishumi ngesikhathi futhi kudaleka amathuba ebhizinisi kubahwebi abancane. Bangu-439 224 abantu abahambela lama-PVAs uma kuqhathaniswa nabangu-436 000 abaya emidlalweni eyisikhombisa eyadlalwa e-Moses Mabhida Stadium.

Uma kubhekisiswa lonke uhlelo Iwama -PVA kusukela ngo-2008 kuya ku-2010, bangaphezulu kuka-824 osomabhizinisi abancane kanye nemifelandawonye abahlomula ngokuthengisa imikhiqizo yabo kubathandi bebhola. Ngaphezu kwalokho, kunabaculi abangaphezu kuka-1414 ababamba iqhaza kulezinhlelo zama-PVA kwathi abenza imisebenzi yezandla abangaphezu kuka-120 bakwazi ukwenza imali engaphezu kuka-

R3 million ngokuthengisa imisebenzi yabo, okungaba u-R25 000 umuntu ngamunye ngesikhathi salomqhudelwano.

1. UKUTHUTHUKISWA KOMNOTHO OKUXUBILE:

a) U-Mkhandlu oBhekele ezoMnotho KwaZulu-Natal

Lomkhandlu (KwaZulu-Natal Economic Council) unikeza uhulumeni wesifundazwe nobambisene nabo, inkundla efanele lapho imigomo yezomnotho esezingeni eliphezulu kanye nezinqumo kungabuyekezwa khona kuqophiswane nangakho ngokuhlanganyela ukuze kutholwe nezixazululo, bekuqinisekwa nangokuthi kuyahloliswa kubhekwa nenqubekela phambili esiyenziwe. Nakuba ubungakathulwa ngokusemthethweni, kodwa imihlangano yalabo abenza loMkhandlu ibisilokhu iqhubeka. Izinyunyana zezisebenzi ezinkulukazi kulelizwe, okuyi-COSATU, FEDUSA kanye ne-NACTU, nazo zimelwe kuloMkhandlu. uHulumeni nabamabhizinisi, okuhlanganisa abesifazane nentsha, nabo bamelwe kuloMkhandlu.

Ukwethulwa ngokusemthethweni kwaloMkhandlu kuyohanjewa yibo bonke ababambisene nawo, kanti uzokuba ngaphambi kokuthi kuphele uJune. Imisebenzi yalomkhandlu uma usuthulwe ngokusemthethweni, kuyokuba ukuhlanganisa uhlelo Iwe-Khomishana yezokuHlela ku-Sifundazwe (Provincial Planning Commission).

b) Uhlelo oluVulekile lokuThuthukisa abaMnyama kwezoMnotho

Enkulumeni yethu yokugcina, samemezela ukuthi ikhabhinethi iwavumile amalungu angu-19 woMkhandlu wezoKweluleka ngoHlelo lokuThuthukisa kwabaMnyama kwezoMnotho (Provincial B-BBEE Advisory Council). Lomkhandlu wethulwa ngo-August 2010 kanti uyingxenyi yokwethulwa kwe B-BBEE Strategy, kumanje sisacubungula ukuhambisana kwe B-BBEE nayo yonke iminyango kahulumeni kanye nezimboni ukuze kwazeke ukuthi uhulumeni umi kuphi ngesikhathi kusahlolwa inqubekela phambili kulezo zindawo ezibucayi ze scorecard. Iminyango nosebenzisana nabo kuzodingeka uqhamuke namasu azohlangabezana ne scorecard sezidingo zomphakathi ngesikhathi esithile. Lokhu okokuqala kulelizwe kanti uMkhandlu uzokubhekisa lokhu. Sekuphothuliwe ukubheka iminyango nosebenzisana nabo ababekelwe isigaba sokuqala kanti imiphumela yakhona izomenyezelwa khona maduzane nje.

Khona manjalo inqubo yokusungulwa kwe hovisi le-Ombudsperson ozobhekana nabangahambisi kahle ekusungulweni kwama B-BBEE isiya ngasemaphethelweni njengoba kuzokwethulwa i-Ombuds Bill kukhabhinethi ukuze iyiphasise. Nokho njengamanje, uMnyango iwona obhekene nazo izikhalo ezimayelana nezindaba ze-B-BBEE.

Ezikhalweni ezingu 45 ezitholwe emphakathini ngonyaka wezimali ka -2010/2011, kwaxazululwa ezingu 22 kanti emacaleni athanda ukuba bucayi, uMnyango usebenzisana nabe SAPF Commercial crime Unit.

c) Ukufukulwa kwabesiFazane kwezoMnotho

Sifuna ukwenza konke okusemandleni ukuthi nabesifazane bamelwe ngokulinganayo futhi nabo babambe iqhaza kuyo yonke imikhakha yezomnotho. Sifuna nokulandela uhlelo lokuhlanganisa izinkampani okungezabesifazane nalawo mabhizinisi osekukudala ekhona ukuze nazo zikhule. Uma senza nje isibonelo, ukuze kungene abasefazane abanangi kwezomnotho, siye sasebenzisana nabe International Labour Organisation (ILO) ukuqinisekisa ukuthi osomabhizinisi besiafazane baqeleshelwa amakhono okuphatha amabhizinisi, ikakhulukazi kwezokuvakasha kanye nokwakha. Bangaphezulu kuka-565 abesifazane abasizakale ngaloluhlelo.

d) Ukufukulwa kweNtsha kwezoMnotho

Intsha engu-5000 ephuma kuleyo miphakathi eyayincishwe amathuba phambilini iye yaqeleshwa kwezamakhono obuchwepheshe kanti kulindeleke ithole imisebenzi ngonyaka wezimali ka-2011/2012. enye intsha engu-3000 izoqeleshwa kulonyaka omusha wezimali emakhonweni afana nokubasa obhayela (boiler-making) ukwakha kanye nakugesi. Sizoqinisekisa nokuthi izinkampani okungezentsha nazo ziyahlomula emisebenzini kahulumeni. Lokhu kungaba komasipala noma esifundazweni.

e) UkuThuthukiswa kwezoMnotho koMasipala

Ubudlelwano bethu nabe-Tongaat Hulett (PTY) LTD obaziwa ngele-*Operation Vuselela* ukuxhasa abalimi abancane bomoba sekuqala ukuthela izithelo. Kusukela saqala lokhu ngo-2009, sekudaleke imisebenzi yesikhathi eside engu-242 kanti eyetoho ibengu-1100.

Abe-EU baxhasa ngezimali i-Gijima KZN LED Support Programme eyaqala ngo-2005 yaze yaphela ngo December wanyakenye kanti ikwaze ukusiza imiklamo engu-200, kwadaleka imisebenzi engu-4300

(kuyona engu-925 bekungeyanomphelo besekuthi lena eminye kube eyetoho). Kwatholakala imali engaphezu kuka-R50 million ngokubolekisa kwazokuthi abantu abalinganiselwa ku-2000 bathola ukuqeqeshwa okusemthethweni nalokho okungekho emthethweni, kanti kwaphothulwa nocwaningo eladala ukusungulwa kwemiklamo emisha esixhaswa nguMnyango.

Kulandela impumelelo ye-Gijima, kwabe sekuphinde kwethulwa isikhwama i-Gijima KZN Local Competitiveness Fund ye-Sibili esixhaswe ngamaphesenti angu-100% nguhulumeni. Kumanje sibuyekeza indlela esikhetha ngayo ukuze siqinisekise ukuthi siqoqa ngangamandla ethu leyomiklamo efanelekile.

Ngaphezu kwalokho, kunemali ecishe ibe ngu-R10, 596, 699 eyasatshenziselwa ukusungula izindawo ezine zokuhweba eMlalazi, Okhahlamba, Mandeni kanye naseNyoni.

f) UkuThuthukiswa kwaMabhizinisi

Ukuthuthukiswa kwamaBhizinisi amaNcane

Ngonyaka wezimali ka-2010/2011 ama-SMMEs angu-488 athole ukuqeqeshwa ekuphathweni kwamabhzinisi kanye nesisekelo emakhonweni ama computer nghaphansi kobambisano nabe Further Education Colleges (FETs). Ama-SMMEs angu-34 aqeqeshelwa amakhono ezobuchwepheshe kuma Technology demonstration-cum Training Centres e-Hammersdale nase-Mgungundlovu. Ngaphezu kwalokho, ama-SMMEs angu-219 abolekwa imali izikhungo zemali esibambisene nazo ezifana ne-Standard Bank, ABSA kanye ne Ithala. Lezinhlangano zingaphansi futhi kwe-KZN Risk Sharing Agreements for the SMME Funds. Imali isiyonke okwabolekiswa ngayo yaba ngu-R337 million eyasiza ekudalweni kwemisebenzi engu-995 emikhakheni eyehlukene, ehlanganisa ezokwakha, amabhizinisi ezolimo, ezokukhiqiza kanye nezokuvakash.

Onyakeni omusha wezimali, kuzoqe qeshwa ama-SMMEs angu-1842 emakhonweni ezobuchwepheshe, ukuphathwa kwamabhzinisi kanye nasesikelweni sama-computer kanti u-R184 million ubekelwe eceleni ukubolekiswa.

- Ingqungqthela yosomabhizinisi esayimemezela nyakenye isizokuba ngoJune kanti sekuzoshintshwa ukusebenza kwayo ukuze ikwazi ukuhlanganisa nokukhuthaza ukutshalwa kwezimali kulesisifundazwe sethu. Lembizo esizokwaziwa ngokuthi i-KZN Investment & Entrepreneurship Conference kuzomele wonke umuntu ayithamele ikakhulukazi labo abafuna ukubamba elikhulu iqhaza emnothweni wesifunda se-SADC.

Ukuthuthukiswa kwemiFelandawonye

Kunabantu abantu-550 abaqhamuka emikhakheni eyehlukene, ikakhulukazi eyokonga kanye nemifelandawonye yezikweletu abaqeqeshwa ekuphathweni kwemifelandawonye, ukuphathwa kwamabhinizinisi kanye namakhono ezobuchwephesh. Lokhu kwenzeka ngokusebenzisana nabomnyango wezokuthutha (Dept of Transport) okwaba nomphumela kugidlabezwe ngamakhono izisbenzi ezingu-81 ukuzisiza ekutheni zikwazi ukuqhube izinhlelo ezifana ne-Zibambele and Vukuzakhe Programmes. Ngaphezu kwalokho kunamalungu angu-36 e-Taxi Association abhaliswe ngaphansi kwe KZN Taxi Council aqeqeshwa ukuze akwazi ukusungula nawo ama Savings and Credit Co-operatives.

Kusaqhubeka ukusebenza ngokubambisana ne-University of Zululand kanti sixhase izitshuden ezingu-70 ezibhalisele izi-Tifiketi nama-Diploma ku-Co-operatives Management.

2. UKUTHUTHUKISWA KWEZOHWEBO NEMIKHAKHA EYAHLUKENE KWEZOMNOTHO:

a) Ukuthuthukiswa kwemiKhakha eyaHlukene kwezoMnotho

Nyakenye uMnyango wethula i-KwaZulu-Natal Tooling Initiative (KZNTI) okuyinto yesibili kulelizwe yokuthi kusungulwe ihovisi lamathuluzi kanye nekwakhiwa kwensimbi ngokuhambisana nezincomo ze-IPAP.

Imboni i-The Tool, Die and Mould (TDM) iyingxene yomkhakha wokwakhiwa kwama components esifuna ukuwusabalalisa futhi ukwazi ukuquhadelana kulesisifundazwe. Lesi sinyathelo sizohlanganiswa nemizamo yokuthuthukiswa kwamakhono ukuqnisekisa ukuthi lomkhakha uhlala usimeme.

Imboni yeziNgubo neNdwangu

Umkhankha wezingubo nendwangu sewehle kakhulu kulesifundazwe ngenxa yokuthutheleka kwezimpahla ezivela ngaphandle futhi ezibiza kancane. Ukuguqula lokhu, sekufakwe imali engu-R16 million emklamweni we-Clothing & Textile Revitalisation okuhlanganisa nokusungulwa kwezizinda ezingu-18 kulesifundazwe kanye nendawo enkulukazi yokugcina impahlala ezosiza amalungu omfelandawonye angu-500 kanye nenzozo engu-R2, 505, 264 ngonyaka.

Ngenxa yokuba phansi kwamakhono kulemboni kanye namazinga aphezulu okuquhadelana, kuqalwe ukusebenzisana nabe-Technical University of Liberes e-Czech Republic ukuze kuqeleshwe izisebenzi emkahonweni kulemboni. Izitshuden i ziyoishiyagalombili seziphothule i-MSC ku-Textile Technology kwathi eziyisikhombisa zona zisenza unyaka wesibili. Ezilishumi nambili zenza unyaka wokuqala bese kuthi izisebenzi ezingu-72 nazo zithunyelwe e-Czech Republic amasonto ayisithupha ukuyoqeqeshelwa i-Continuous Professional Development.

Ulwazi IwezoBuchwepheshe bokuxhumana

Kusungulwe izizinda zomphakathi ezilishumi nambili ezindaweni ezifana ne-Chesterville, Hammarsdale, Umzumbe, Mandeni, Ladysmith, Vryheid, Chatsworth, Edendale, KwaMashu nakwa Maphumulo. Lizizinda zimqoka ekuvaleni igebe ikakhulukazi kuleyo miphakathi eyayincishwe amathuba phambilini.

Umthetho weKhomishani yamaFilimu

Kusenjalo sekusungulwe i-Film Commission Act kanti maduzane nje sizomemezelu amagama okhomishani abazosebenza kulekhomishani okulindele ukuthi ibeke lesifundazwe njengendawo enhle yokuqopha amafilimu okuyinto ebalulekile ekufukuleni umkhakha wezokuvakasha.

KwaZulu-Natal Music House

Ukusungulwa kwe-KZN Music House kuleminyaka embalwa edlule sekuqala ukuthela izithelo. Ngo-2010, abaculi ababili be-KZN Music House uMfiliseni Magubane bene-Afro-Soul baqokwa kuma -South African Traditional Music Awards (SATMA) kwathi i-Afro-Soul yadla umhlanganiso ku-Best African Group Category. Ngohlelo lwayo lokuthungatha amathalente, i-Vezikhono Talent Search, i-KZN Music House isivumbulule abaculi abasafufusa abantu-26.

b) Ukuthuthukiswa kwezokuVakasha

I-New Growth Path izibekile isibalo semisbenzi engu-250 000 okumele isidalekile ngo-2020. Ngo-2009 abezokuvakasha bebeqashe abantu abangu-100 000 kanti uma kulinganisa kususelwa ku-World Travel and Tourism Council (WTTC) ngonyaka kuzokwanda imisebenzi ngo-9,2% , okusho ukuthi kuzokuba nemisbenzi engu-163 298 ezokube isidalekile kulesifundazwe ngonyaka ka-2020 okuyisibalo esihloswe uzwelonke..

Inqubo Mgomo yezokuVakasha eMabhishi

Ngokuzama ukuba kusungulwe indawo enkulukazi yokuthengisa, sesithuthukisa i-Beach Tourism Policy ezoqoqela ndawonye bonke ababambe iqhaza ukuze bazibandakanye nalendlela entsha yezokuvakasha ebhishi okuyothi ekugcineni kusetshenziswe indlela eyodwa eyolandewa amadolobha asogwini uma ethengisa isifundazwe nganeno nasemhlabenji jikelele. Le KZN Beach Tourism Policy iye yathathwa emva kokubonisana okunzulu okuholele ekutheni uphasiswe lomgommo ngabomkhandlu wezokuvakasha ngo February nonyaka. Lomgommo wenza kube nokucabangisisa ngezinto ezipwelayo ezechlukene ezitholakala ogwini okuholele ekutheni kuqale kusetshenziswe lomgommo. Khona maduzane nje sizowethula lomgommo kulabo esisebenzisana nabo ukuqinisekisa ukuthi bonke abathintekayo bayazi ngokumele bakwenze mayelana nalomgommo.

c) Ukulawulwa nokuPhathwa kwaMabhizinisi:

Ukuphathwa kwezoTshwala

Mgcini sihlalo, lomthetho sivivinywa i-KwaZulu-Natal Liquor Bill yaphasiswa isishayamthetho sesifundazwe kanti kumanje sewenziwe umthetho nguNduankulu kanti uzoqala ukufakwa ngezigaba ezimbili ezizohlanganisa ukusebenza kwezigatshana zalomthetho okuzoholela ekutheni kusungulwe i-Provincial Liquor Entity kanye nokusebenza kwayo. Okwesibili kubhekisiswa izigatshanyana ezimayelana namalayisense okuthengisa- okulindeleke ukuthi kuqale ukusebenza emva kwezinyanga ezilishumi nambili uqalile ukusebenza lomthetho. Lokhu kwenzelwe ukuthi kube nesigaba esikahle sokudluliswa nokunikezwa

kwamalayisense akhona njengamanje kulomthetho omusha. Okwesikhashana uMnyango uzoqhubeka nokulandela ukusebenzisa imithetho yotshwala yango-1989.

Ukuvikelwa kwaBathengi

Emkulumeni yethu yesabelo zimali, senza isibopho sokuthi uMnyango ngokusebenzisa i-Consumer Protection Services uzoqala ukufundiswa kwabathengi okunzulu ngamalungelo abo. Ngaleyondlela sesibambisene nezinhlangano ezimbalwa ezifana neNational Consumer Forum, Ombudsman for Banking Services, Estate Agency Affairs Board kanye nezinye ukuthi sihlaziye izinselelo ezibhekene nabathengi.

Ngo-2010/11 siphendule imibuzo yocingo engu-3841 kwathi abangu-928 bazifikela mathupha kanti sakwazi ukuphendula ngempumelelo engaba ngu-83%. Siphinde sasiza abathengi ngokuphendula imibuzo ebhalwe phansi engu-820 kuleyo engu-1173 (engu-867 okungemisha kanti engu-306 kwakungeyangonyaka odlule) kanti sikwazile ukubuyisela kubathengi imali yabo engu-R2,574,486 esikhathini esilinganiselwa ezinsukwini ezingu-56.

Umgomo wokuziThengisela ngaPhandle kweLayisense

Lenqubo mgomo ethiwa i-The Informal Trade Policy isithuthukisiwe yaphinde yemukelwa iKhabhinethi. U-Mnyango uhlangene noMasipala baphezu kwamalungiselelo okuthola izindlela zokwethula lomqulu kulonyaka ozayo wezezimali. Sesinxenxe omasipala ukuba bahambisane nalomgomu kuma-IDP abo. Sizoqala omkhulu umkhankaso ozohlanganisa bonke abathintekayo, ikakhulukazi labo abazithengisela ngaphandle kwamalayisense, ukuze sizame ukuba indawo ethe xaxa ukuze bakwazi ukuqhuba amabhizinisi abo ezindaweni abahlala kuzo.

3. EZOKUPHATHWA KOMNYANGO:

UMnyango uzibophezele ekwenzeni ngcono isikhathi sokukhokhelwa kwalabo bantu abawenzela umsebenzi okuzokuba isikhathi esiyizinsuku ezingu-30 ngokwe-PFMA. Ukwethulwa kohlelo lokusetshenziswa kwe computer kusuka ekuqalweni komsebenzi kuya ekukhokhelananeni, kungesinye

sezinyathelo zokwenza ngcono ukwneziwa komsebenzi. Loluhlelo luzodluliselwa nakwezinye izindawo ezifana ne-Human Resources Management. Kulandela ukuphasiswa kwemithetho efana ne-Dube TradePort and TIKZN, sesiphothula ukuqokwa kwamabhodi amasha azonikeza ngamasu adingekayo ukweseka ama-CEO ngokuhambisana nomthetho omusha.

4. IZIMBONI ZIKAHULUMENI:

Kusabelo zimali somnyango sika-2011/12, kunesamba sika-R967 million esizodluliselwa kuma entities ayisishiyagalolunye kanye nemithetho ehambisana nawo. Ukuqinisekisa ngenuzo yalemali, kunezinhlelo ezikhona zokugcina indlela yokuphatha kahle kulezinhlango. Lokhu kuflanganisa nemihlangano yama-CEO, ebandakanya kanye nami uqobo njengesikhulu esiphezulu kanye nethimba lami labaphathi abaphezulu ukubheka inqubekela phambili eseyenziwe. Lezinhlelo zikhuthaza namasu okuhlanganyela ukwandisa inzuso etholakale ngemisebenzi yethu yesabelo zimali esihlanganyelwe.

a) Isikhungo seziMboni i-Dube Trade Port

Kukhulu esikufeze mhlazane lulunye ku-May 2010 ngesikhathi kuvulwa futhi kuqala ukusebenza kweDube TradePort kanye ne-King Shaka International Airport. Njengamanje sesindaweni engcono yokulungiselela futhi siqhadelane nabanye ekutheni i-Theku kube ilona dolobha elisingatha imidlalo ka-2020 noma-2024 Summer Olympic Games.

Kusenjalo i-King Shaka International Airport isidlulise abagibeli abangu-4, 5 million kusukela ivuliwe kanti lokhu kulindeleke ukuthi kukhule ngo-7.5% ngonyaka. Indawo ethwala impahla yona isidlulise impahla engaba ngu-6 300 tons kuze kube sekupheleni kuka-February ka-2011, kanti u-4 550 wam tons bekungowempahla ethengwe ngaphandle engenise imali engu-R180 million kwazothi u-1 750 tons kwaba owempahla ebiphuma wona owenze imali elinganiselwa ku-R60 million. Ngesikhathi esifanayo kudlule impahla yangaphakathi kuleli engu-8 000 tons. Lesikhungo sempahla sithole okokuqala izindiza zohlobo lwe 747 Boeing ngoSeptember 2009 ezazilayishe izinsimbi zokulungisa imikhumbi ezisinda u-100 tons.

Isiyasebenza nendawo egcina impahla yokuhweba kanti ngokokuqala ukuthi konke lokhu kube ngaphansi kophahla olulodwa. Ibhande elihambisa impahla elindiza emoyeni, lingelinye lezinto ezingavamile emhlabeni jikelele, kanti lizoqala ukusebenza ngenyanga ezayo. Lokhu kuzokwenza ukuthi i-DTP ihale ingaphansi kweso labaqaphe impahla futhi kwenze ngcono nokuhamba kwempahla phakathi kwesikhumulo

sezindiza kanye ne-Trade House. NgoMay nonyaka, i-World Freight Services okuyiyona ehambisa impahla kanye ne-DTP bazoqala umsebenzi wamaloli ukwandisa lendawo ye-DTP kuzwelone. Impahla ehamba ngomoya bese idluliselwa emalolini emgwaqeni kuzoqalwa ngayo phakathi kwe-Goli ne-Theku bese iya ngokusatshalaliswa okuzohlanganisa nezinye izikhumulo zezindiza kulelizwe. I-DTP izophinde ivulene container engu twenty feet ngoJuly kanti i-Valuable Cargo Facility izoqala ukusebenza ngenyanga ezayo njengoba izonganyelwa ngabakwa-Brinks, abadume umhlaba wonke ngokuphatha izimpahla eziligugu.

Konke lokhu kuyingxenyenye yezinto ezidingwa i-Dube TradePort ukuze ibe isikhungo seokuthwala impahla esingungqa phambili kulo lonke elise-Mzansi we Africa ukuze kwande nokuxhumana kwethu nezfunda ezinye kanye namazwe omhlaba.

Umlingani wami ophethe e-Zolimo, Ukuthuthukiswa kwezi-Ndawo zase-Makhaya kanye nezemVelo; uzomemezelza ezinye izinguquko umnyango wakhe ozimisele ukuzenza ukuthuthukisa i-DPT

Njangamanje siyaqhube ka nemizamo yokuheha izindiza ezithwala impahla eYurophu, e-India, South East Asia kanye nase-Middle East. Inhlango yezindiza esithembise ukusebenzisa isikhumulo sethu i-Emirates Airlines ezoqala ukusebenza ngo-October ngezindiza ezimbili ngosuku. Lokhu kusho ukuthi kuzokuba nendiza ekuseni nantambama kanti lokhu kuzokwendulelwabe-Emirates ne-DTP ngokusingatha ingqungquthela yokuqala yokuthwala kwempahla ngezomoya, i-World Air Cargo Africa Conference ezokuba seThekwini lapho kuyofika zonke izinhlangano zezindiza zasemhlabeni, abakhinqini bakuleli bayocobelelana ngolwazi nabanye bamazwe omhlaba ekutheni zenginziwa njani ngcono ezokundiza emoyeni. Lokhu futhi kuzoveza ngokusobala ukuthi i-DPT isebezena kanjani ngokugcina impahla nokuyithutha okuyobonwa nangezinye izinkampani zamazwe omhlaba umsebenzi wazo oncike kakhulu ekuthwaleni impahla ngomoya.

Sineqholo futhi ngokuthi ngokuhamba kwalonyaka kuzokuba nenyi inkampani yezindiza yase-Middle East ezofika nsuku zonke e-King Shaka International Airport. Kumanje seyivel iwasholile amalungelo esivumelwaneni esimkhakha mbili ukuba indizzele eThekwini kanti konke sekuphasisiwe iziphathi mandla ezechlukene.

Njengoba sizama ukuthola nezinye izinkampani zezindiza emhlabeni jikelele, sizimisele nangokwemukela amathuba avela ngokuya kuhlangana umnotho wamazwe e-SADC njengoba sibheke namadolobha afana ne-Luanda, Harare, Lusaka; Dar es Salaam, Nairobi, Windhoek; Lilongwe kanye ne-Mbabane. Sixoxisana nabathuthi bakuleli abafana no-BA Comair, SA Express, SA Airlink, 1 time kanye ne-Mango. Futhi

ngiyethemba ukuthi kuwo lonyaka, sizokwazi ukumemezela ukuthi sesiyakwazi ukundizela kwezinye zalezindawo.

Njithanda nokuthatha lelithuba ngibongele inhlango yethu entsha kwezezindiza i-Velvet Sky ngibafisela konke okuhle abazifisela khona kulomsebenzi wabo asebewuqalile.

Mgcini sihlalo, ukusebenza kwe-Dube Trade Port (DTP) kuyisimanga kanti kuhambisana ncamashi nokufunfwa isifundazwe sethu kanye nezwe lonkana njengoba sifuna ukuqinisa indawo yethi ezimakethe zomhlabo. Ngaphandle kwalokhu esingikubale ngenhla, lelichweba selidale imisebenzi eminingi kusukela lwakhiwa njengoba kwadaleka amathuba omsebenzi angu-37 367.

Siqaphelile ukuthi kunokwehla ekuxhasweni ngezimali kulonyaka ozayo wezimali. Ngaleyondlela sengixoxisane nomlingani wami kwezezimali kanti sobabili sihlanganise amakhanda ukubhekisia isimo sokuxhaswa kwe DTP.

b) I-Bhodi yoShaka

I-KwaZulu-Natal Sharks Board isalokhu iyindawo eyethembekile ekuvikeleni ababhukushi ekuhlaselweni oshaka njengoba kungekho zehlakalo ezibikiwe kulonyaka wezimali ka-2010/2011. Ngaphandle nje kokugxila koshaka, lebhodi izibandakanya nasekutheni ibe neqhaza elibambayo kulokhu osekulandelwa kakhulu ngenyanga kajune kuya kuJuly kokutheleka kosayidinsi ogwini lolwandle, okuheha nezokuvakasha. Kunama net avumela oshaka ukuba batshuze ngokukhululeka kodwa futhi bekuvimbela oshaka nemikhoma ukuba kubhajwe kulama net.

Omunye wemisebenzi emqoka yalelibhodi ukwenza ucwaningo lwezesayensi ngezinhlolo ezehlukene zoshaka nobudlelwano babo nempilo yonkana yasemanzini, nanokubheka izindlela zobuchwepheshe besimanje zokuxosha oshaka ngaphanlede kokusebenzisa lama net. Lolucwaningo ke ludinga kutholakale enye imali ethe xaxa.

c) Ukuthuthukiswa kweNdawo yeziMboni eRichards Bay

Ibhodi selihlelwed kabusha ukuba licabangisise nagezidiso ze-King 3 kanjalo nezimo ezihambisana nokunikezwa kwemvume yokusebenza. Kulonyaka kube nesiphakamiso sokuthengwa komhlabo kanye nokuphothulwa kwemidwebo yenqalasizinda kanye nemidwebi yonjiniyela. Ngonyaka ozayo kuzoqala

ukugugulwa komhlabathi okukade kwalindelwa e-IDZ. Kunesasasa elikhulu elitshengiswe abaatshali zimali ukuba babe ndawo e-IDZ ingakho nokuzokwenziwa kuqala i-IDZ ukuthi kutholakala umhlabu osulungisiwe ngesikhathi esibekiwe.

d) Ithala

Ithala lixhase ngemali ama SMMEs angu-128 ngesamba sika -R239.2 million kulonyaka odlulile wezimali; kwadaleka imisbenzi engu-1100 emikhakhene ehlukene efana nezolimo, ezokukhiqiza, ezokwakha kanye nezokuvakasha. Lokhu kwenzeke phezu kokuthi izimo ze zamabhizinisi nalesimo ebesikhona sokuzika komnotho kanti ingakho lesikhungo sasiza amabhizinisi axhugayo ukuba akwazi ukusimama kulesikhathi esinzima sokubheda komnotho. Kulandela ukusungulwa kwe-Agribusiness Development Agency (ADA), Ithala likwazile ukuthi lisebenzisane nezinye izikhungo ezintsha ekutakuleni amabhizinisi ezolimo abesebunzimeni.

Ukuhambisana nalomnotho oguquguquka nsukuzonke kanye nezinye izinto zentuthuko, Ithala lizoghubeka Nokuhlela kabusha amasu alo ukuze likwazi ukumelana nomsebenzi elidalelw wona. Ukuze likwazi ukumelana nalokhu, lesikhungo sibekelwe isamba sika-R184 million ukuze sikwazi ukweseka ama-SMMEs kanye nemifelandawo- ikakhulukazi ekuqinisikiseni ukuthi lamabhizinisi amancane ayasimama futhi akwazi ukuncintisana. Khona manjalo kulonyaka omusha wezimali, Ithala lethembise ukudala imisbenzi engu-2 538 ngokuxhasa amabhizinisi angu-265 okumele aklanywe phakathi abe ngama SMMEs angu-165 nemifelandawonye engu-100.

e) Ezohwebo nokuTshalwa kweziMali KwaZulu-Natal

Ezohwebo nokutshalwa kwezimali KwaZulu-Natal (Trade & Investment KZN) zigubha iminyaka elishumi nonyaka selokhu zathola ukuhlabana njengophiko olukhuthaza ukutshalwa kwezimali. Ekuqiniseni nokuchaza iqhaza lalenhlangano, kwashintshwa umthetho sivivinywa i-KwaZulu-Natal Trade and Investment Agency Bill waba umthetho no.5 ka-2010 okusho ukuthi i-TIKZN njengamanje isiyisakhiwo somphakathi kanti maduzane nje kuzomenyezelwa amalungu amasha ebhodi.

Ukugqugquzela ezamabhzini nokutshalwa kwezimali kulesifundazwe, ikhabhinethi yesifundazwe seyamukele i-Investment Protocol – okuyiyona ebalula ngemithetho nangenqubo elandelwayo uma ufunu ukuqala ibhizinisi kulesifundazwe. Lokhu kuyibalazwe lendlela kubo bonke labo abafuna ukutshala izimali zabo kulesifundazwe njengoba lichaza kahle ngemigudu okumele ilandelwe ukuvimbela izithiyo neziphazamiso uma uqala ibhizinisi kulesifundazwe. Ihlanganiswa kakhulu nokufeza lezo zinombolo esuke izibekelé zona kusukela yasungulwa eminyakeni elishumi eyedlule, kanti kumanje isendleleni ebheke ekubeni idlule u-R750 million wemiklamo engazala imisbenzi engu-800. Lemisebenzi ihlanganisa inqalasizinda yokuhlanzwa kwamanzi, izimayini zamalahle, ukuphasiswa kwamabhizinisi kanye nezimboni zama-call centres.

f) I-Moses Kotane Institute

Isikhungo i-Moses Kotane Institute sesandise isibalo sama laboratories obunjiniyela kwe software asuka kwamane aya kwayisishiyagalombili ukuze kusizakale iningi lezifunda zaKwaZulu-Natal. Iningi labafundi ababhalisele i-Science Education eUniversity landile lisuka ku-200 laya ku-400, kanti kulonyaka kulindeleke abangu-225. Isibalo sabadala abahalisele i-BPO kanye ne-ICT singu-2000 (1980). Lesibalo sihambisana no-10 000 wabaphase u-Matric abangaqashiwe okumele baqeleshwe ku-BPO naku-ICT isikhathi esiyiminyaka emihlanu. Kucija intsha ukuze iqasheke kunabaqeleshwe ku-BPO abangu-25 asebephothule izifundo zabo asebethunyelwe eNdiya ukuba bayokwenza izinhlelo ze internship ne-TSS (Indian Total Soft Solutions) abanye abangu-25 bazilungiselela ukuthola ama internships abo ne-WTC (World Trade Consortium) i-Moses Kotane Institute isiphothula izinhlelo zayo zokunikeza i-internship kubafundi abaqedo unyaka owodwa beqeleshwa ku-BPO. Labo bafundi abasele kumanje baqedelela iminyaka emibili yokuqeleshwa i-BPO ne-ICT.

Okune okube impumelelo enku yalesikhungo ukwethula kwaso uhlelo lwezikulu zasephalamende kanye nezikulu zikahulumeni, okulindeleke kukhiqize imiphumela emihle ngokusebenzisana nengqungquthela eyimpumelelo enku yaminyaka yonke Ubuntu.

g) EzokuVakasha KwaZulu-Natal

I-KZN iyaqhube ka nokuhlaziya ukwenza kwemikhakha nokubheka izinguuko. Lesifundazwe siyaqhube ka nokwazisa ezokuvakasha njengomkhakha osethubeni lokukhula esikhathini esizayo. I-Ningizimu Africa ibe nokukhula ngo-15.1% kwezokuvakasha ngo-2010 okuyinto engaphezulu kwento ejwayele ukwenzeka emhlaben ka-6.7%. Lesisibalo sengezwe nangu-1.1 million wabantu abeze kulelizwe . Indebe yebhola lomhlaba yenyuse lesibalo ngo-4%, lokho okusho ukuthi noma ngabe yayingekho lemidlalo yendebe yomhlaba, isibalo sezivakashi kulelizwe beseveli siphezulu kakhulu. Nakuba kube nokukhula kuzo zonke izimakethe ngo-2010 izimakethe ze long haul izona ezikhule ngamandla ngo-21%. Lokhu kukhula kwenzeka kuzo zonke izifunda. Nokho i-Melika ne-Asia kanye ne-Australia babe nokukhula ngesivinini ngo-2010 okube ngu-37.4% kanye no-34.6% ngokulandelana. Lemiphumela ihambisana kahle nalelizwe kanti yenze kube nokuthuthuka emkhankasweni wezimakethe ukuze kugcineke lezo eseziholakele.

Isibalo esilinganisiwe sesisonke esidalwe ngezokuvakasha sifake umnotho ka-R32 billion kanye nemisebenzi engu-133 000.

Njengezwe sasicabangele ku-300 000 kuya ku-4000 abantu ababezovakasha ngesikhathi semidlalo yendebe yomhlaba. Kodwa kwaba nabalinganiselwa ku-83 819 abeza-KZN okulinganiswa ukuthi umuntu emunye wasebenzisa imali engu-R1 090 ngosuku. I-Theku lenza kangcono kakhu uma kuqhathaniswa nezinye izifundazwe, emidlalweni kanye naku fan park ngenxa yesimo sakhona sezulu. Sasilindele ukusetshenziswa kwemali engu-907 000 000 KwaZulu-Natal. Sabana nabantu abaphakathi kuka-62 000 kuya ku-65 000 ababeza emidlalweni ngamunye KZN nabangu-766 412 ku-Durban FIFA Fan Fest.

Kulandela impumelelo yokusingathwa kwemidlalo yendebe yomhlaba, sesiqale inqubo yokubuyekeza ukwabiwa kwezimakethe ukuqinisekisa ukuthi inzupo eyatholakala ngesikhathi salemidlalo ayilahleki. Ngenxa yalokhu sesibheka neminye imithombo yezimakethe zezivakashi yasikhathi esizayo.

Abangani beziVakashi KwaZulu-Natal

Kwaqeleshwa amavolontiya angu-1 329 aziwa nge ‘tourism buddies’ kanti ayeqeleshwa izinkampani ezingu-312 zaKwaZulu-Natal. Impumelelo yaloluhlelo yenza kwaba nohlelo lwefa lapho kutholakale imali engu-R28 million kwabe-National Department of Tourism ngayo okuzoqashwa intsha engu-758 isikhathi esizinyanga ezingu-12 iqeleshwe kanzuma kwezokuvakasha.

ITourism Indaba eyasungulwa ngo-1979, iyona engumkhangisi omkhulukazi wezokuvakasha lapha e Africa. Seyibanjelwe kulesifundazwe izikhathi ezingu-21. Emva kwalempumelelo, lombukiso uzophinde ube kulesifundazwe futhi iminyaka emihlanu ezayo kusukela nonyaka kuze kube u-2015. Inhoso yethu ukuthi lombukiso ugcine uzungowalapha KwaZulu Natal. Kulindeleke ukuthi lomcimbi uphinde uhehe futhi abantu abazithunywa abangu-12 000. Lombukiso wanonyaka uzokuba yisipesheli njengeboba silindele sande isibalo sabathengi abavela emazweni angaphandle abazimisele ngokudayisa lendawo yethu kulandela ukuqwashisa okwadalwa imidlalo yendebe yomhlaba ka-2010. Kukhona neminye imicimbi emibili ezokuba khona ngaphandle kwale Indaba-2011. Lena ingqngquthela i-Hospitality Investment Conference Africa kanye ne-Seatrade Africa Cruise Forum okuzoletha kulesifundazwe izithunywa ezilinganiselwa emakhulwini amane.

I-Business Tourism isithathwa njengensika yokusimamisa ezokuvakasha ngesikhathi sonyaka lapho kunabantu abancane abavakashayo noma ngesikhathi sokuntenga komnotho. Ngenxa yalokho i-Durban – KwaZulu-Natal Convention Bureau (okuwukusebenzisana phakathi kukahulumeni wesifundazwe, uMsipala weTheku, i-Nkosi Albert Luthuli ICC, Durban Chamber of Commrce and Industries) yasungulwa ngo-2010. Lomfelandawonye uzokwenza sikhawu nokusabalalisa nezinye izingqungquthela nemihlangano kuso sonke isifundazwe ngendlela yokumaketha obunobuchule. Kuze kube manje sekube nalemicimbi elandelayo:

- International Olympics Committee Executive Committee Meeting;
- The United Nations Climate Change Conference;
- International Confederation of Midwives;
- World Methodist Council;
- World Federation of Deaf Congress;
- Disabled People International;

Lemicimbi izoletha okungenani izithunywa ezingu-50 000 kulesifundazwe kanti ikhona neminye imicimbi eminingi ehlelelwemba leminyaka ezayo. Njengoba kunezinto eziningi kangaka okulindeleke ukuthi zenzeke, kuhlawumbiselwa ekutheni i-ICCA yedolobha lethu izokwazi ukufaka imali eningi.

Siyejabula ukubika ukuthi isicelo se-Durban KwaZulu-Natal Convention Bureau sokuhlangana ne-Future Convention Cities Alliance sibe impumelelo. Lokhu kuzokwenza ukuthi sikhawu ukuzibonakalisa

emikhankasweni yama-CBs futhi uma kwenzeka sikhawo ukuhwebelana namadolobha afana ne-Sydney, London, San Francisco, Toronto, Seoul kanye ne-Abu Dhabi.

Njengengxene yomkhankaso wethu wokuletha izinguquko, kuyekwethulwa ngesikhathi se-Indaba 20101 uhlaka lokuhlanganyela kwezezimakethe lezindawo zokuhlala, abanikazi bazo okungabanikazi bama SMMEs abansundu. Loluhlaka “i-Afri-Portico” lifuna ukudala indlela yokungena kalula ezimakethe kanye nokuhlanganisa lezizakhiwo nabanikazi bezokuvakasha bamazwe omhlaba ngokuhlanganisa imiklamo yabo kanye nemisebenzi yabo. Ziningi ezinye izinsiza kusebenza ezizotholakala ukuze kwazeke ukuthi luqalwe loluhlelo lwezokumaketha.

h) Ezokuthuthukiswa koHwebo IwezoLimo

Unyaka ka-2010/2011 ubone kusungulwa i-Agribusiness Development Agency. UMnyango unikeza ngosizo Iwezimali ukuze kuqhutshwe umsebenzi ngenkathi uMnyango weZolimo, Ezezindawo kanye nokuThuthukiswa kwezindawo zasemakhaya wona uxhasa ngo-R103 million ukusiza abalimi abamnyama abalikhulu. Okuyizona zinto ezikhinqizwa ilamapulazi zikleliswe ngalendlela elandelayo:

- Amapulazi angu-42 alima umoba ukuvuselela indawo engu-4146ha ngokuphathwa kanye nokuphinde kutshalwe kuyona.
- Amapulazi angu 4 akhiqiza izithelo ezsawolitshi nokukwakhiwa kwezindawo zokupakisha kanye nosizo lokubonisana ngomkhiqizo ekulungiseleleni lamapulazi ukuba akulungele ukuthumela ngaphandle.
- Amapulazi angu 4 akhiqiza ubisi nokwakhiwa kwezikhungo zokugcinwa kobisi kanye nokudalwa kwamadlelo azosiza ngokudla kwezinkomo ukuze kwande amalitha obisi akhishwa inkomo ngayinye ngosuku.
- Amapulazi angu-12 akhiqiza okusanhlamu ukuze kube nenqalasizinda kanye nezisekelo zomkhiqizo ezingaxhunyanisa nezimakethe ezivuthiwe ngaphansi kohlelo lokuhweba.
- Amapulazi angu-17 emfuyo ukuze kwenziwe ngcono izakhiwo zokusiza ekukhiqizeni imfuyo, inqalasizinda yomkhiqizo kanye nohlelo lokwenza ngcono imfuyo, kanye nokwenza ngcono ukuzalanisa izilwane.
- Amapulazi angu-6 akhiqiza imifino kanye nokuvuselela kwenqalisizinda yenkasa kanye nokunikezwa kwezinsiza zomkhiqizo ezihlangene nezimakethe eseziyuthiwe.

Yonke lemlklamo ebalwe ngenhla isetshenzisa ngokubambisana nomkhakha wezohwebo ngokusebenzisa izinto zawo noma impuumelelo yomlimi ngamunye kanye nalabo ababalulekayo.

Ngokokusekelwa ngezimali kwalabo balimi abantulayo, i-ADA yesekela imiklamo eyisikhombisa emikhulukazi ye-Land Bank. Abanye abalimi abantulayo bathola usizo ngokuthi kuhlelwe kabusha imixhaso noma kube nokusebenzisana nezinkampani ezizimele ezigaya ummbila. I-ADA yesekela nemiklamo elishumi emikhulukazi ye-Ithala Bank ngonyaka ka-2010/2011

Ukwengeza kulokhu okubalwe ngenhla, kwanikezwa ngosizo lobuchwepheshe ngohlelo lokuthuthukiswa kwamasu amabhizinisi, ngobuhlakani, ngokuhlelwa kwenqalasizinda yamapulazi ukwakha kanye nezinhlelo zokusekela kvezokuphatha.

Sekisizwe abalimi abangu-523. Kuhlawumbiselwa ekutheni kunemisebenzi engu-301 evulekile noma egciniwe kwazothi engu-534 yadalwa okunge yezikhathi zonyaka noma yetoho . Lokhu akuhlanganisi u-14 000 wamathuba etoho ngosuku embonini yomoba kanye nabalimi bakamoba abancane abangu-70 abathole usizo.

I-ADA kanye noMnyango wezolimo baphothula ukuhlela ngokuhlanganyela konyaka wezimali ka-2010/2011. Izilinganiso zamanje ziveza ukuthi kunemiklamo engu-58 engadla isamba sika-R85 million ezodlulisewa ekuqualweni kwemisebenzi. Lokhu kuzohlanganisa nabalimi abangu-860 abanendawo engu-14000ha. Kulinganiselwa ekutheni kuzodaleka imisebenzi yanomphelo engu-945 kanye nengu-327 yetoho neyeyikhathi zonyaka. Amazwibela alokuhlongozwayo ahlanganisa ne:

- Nesamba sika-R10 million sokusungula ngokuhlanganyela nabe-DRDLR imfuyo esifundeni uThukela.
- Ukusekelwa kokuthuthukiswa kwe-Agricpark e-Sisonke. Umkhakha wezobisi nawo kuzogxilwa kuwona kulendawo.
- Ukwesekela komkhiqizo ngokusbenzisa i-Dube Trade Port.
- Kuzogxilwa ekusekelweni kokukhiqizwai kwemifino ngemiklamo eyehlukene elishumi kanye nemithathu ehlangene.
- Kuzosungulwa umsebenzi ngokuhlanganyela nabe-Potato SA okuhlanganisa nendawo engu-150 hectares.
- Kuzoghutshewa nokwesekelwa komsebenzi ose-Weenen.

- Ukusekelwa ngokuhlanganya okuhlanganisa imisebenzi yokinisela ngenkasa eyisithupha izivande endaweni yase-Middelrus kusazoqhubeka.

i) Isikhwama sezokuKhulisa uMnotho

Yize noma umlando wesikhwama sezokuthuthukisa esifundazweni i-KZN Growth Fund sibe yinselelo, siyaziqaja ukumemezela ukuthi lolu uhlelo lokuqala lokubambisana phakathi kwemikhakha yangasese nekahulumeni eNingizimu Africa nolusebenzeayo ukuzuzisa abantu besifundazwe saKwaZulu-Natal. Isikhwama i-KZN Growth Fund ipumelelise izinhlelo ezinthathu kwimikhakha i-Maritime, ICTe kanye nemikhakha yezeMpilo kulonyaka wezimali ngesamba semali elinganiselwa ku-R222 wezigidi zamarandi , kwadaleka amathuba emisebenzi elinganiselwa emakhulwini ayisishiyagalombili namashumi amane (840) ngesikhathi lapho umnotho ubuntengantenga khona kwaze kwabonakala nokuhlehliswa kokusetshenziswa kwezimali nezinhlelo zengqalasizinda. Sinethemba ngokukhulu ukuqaphela ukuthi ukusimama komnotho kuzoba nomthelela wokuphuculwa kwesivumelwano sokwakhwa kwepayipi nakho okuzodala amathuba emisebenzi elinganiselwa emakhulwini amane (400) ngonyaka wezimali ka-2011/1012.

5. IZIMEMEZELO EZINTSHA:

a) *Imithetho eMisha*

Njengoba imigomo yezethuthuko kuzwe lonke yenzeka ezweni, isifundazwe sifuneka ukuthi naso sihambisane nalomthetho kanye namasu awo. Ngalokhu, lemhetho elandelayo izokwethulwa ngaphambi kwengxenye yesibili yonyaka omusha kwisishayemthetho sesifundazwe: Imithethosivivinywa iConsumer Protection Bill (wezokuvikelwa kwabathengi) , Ombudsman Bill (umphenyi ngokukhononda kwezakhamuzi ngezisebenzi zikahulumeni noma izikhungu zombuso), Tourism Bill (wezokuvakash). Agriculture Business Development Bill (wezokuthuthukisa kwamabhizinisi ezolimo). Umsebenzi obalulekile usuvele uqaliwe mayelana nalemithethosivivinywa. Isifundazwe sesivele sishaye umthethosivivnywa waso wezokuvikelwa kwabathengi i-Consumer Protection Bill, osuvele udlulisiwe yindlu yombuso wesifundazwe (Provincial Executive) futhi ke usazodlula ngaphansi kokuhlolwa ngakwezomthetho okufanele ngesikhathi sonyaka wezimali ka-2011/2012. Lomthethosivinyo uncike kakhulu ezigabenzi zomthetho kazwelonke wezokuvikelwa kwabathengi i-National Consumer Protection Act.

Ukusungulwa kwasigaba esiphelele sokuhambisana nalomthetho ngaphakathi komnyango wezindaba zabathengi kuzo zonke izifunda kuzoqinisekisa ukuthi ukuqiniswa komthetho wezabathengi kweluswa ngaso sonke isikhathi ukuphucula ukulandelwa kwalomthetho nokunqanda ukuxhashazwa kwabathengi ngamabhizinisi. Ukubambisana kwethu okubhekekile nababambe iqhaza kwezokulandelwa komthetho okubalwa kubo abezentelela Isars, Customs and Excise, SAPS, NPA njalo njalo, kuzodlala indima ukuqinisekisa ukuthi imikhiqizo efanayo ephuma ngaphandle kanye naleyo yomgunyathi ayingeni emachwebeni esifundazwe nalokho okuba nomthelela omubi emnothweni wesifundazwe nomnotho nje jikelele. Lokhu kuzobamba iqhaza emaqhingeni ethu enhloso yokudala amathuba emisebenzi, ukubusa okusezingeni kanye nokuthuthukiswa komnotho wethu ngaphakathi esifundazweni.

b) Ukuvikelwa kwaBathengi

Mhlalulunye ku-Mbasa ka-2011 (1st April 2011), umthetho omusha wezokuvikela abathengi i-Consumer Protection Act uzoqala ukusebenza. Ngalokhu ke sesiqalile nomkhankaso wethu oqinile wokufundisa izakhamuzi (ababambe iqhaza) ngamalungelo azo kanye nokuziphatha kwabo njengoba kuchaza lomthetho.

Njengoba abathengi bebalulekile emnothweni wethu kusemqoka ke ukuhti bonke abathengi kanye nabathengisi bathuthukiswe ngolwazi ukuqinisekisa ukuthi uhwebo phakathi kwabo lunokuthula , ludlale indima ekukhuleni komnotho. Njengengxenye yalomkhankaso sesibeke umnqamlajuqu womhla zingamashumi amathathu nanye ku-Ndasa (31st March) 2011 , wokuthi bonke labo abanikezelala ngezidingo abasaqhubeka nomkhuba ongekho emthethweni wokuthatha ama debit cards abathengi kanye nomazisi babo ukubambisa uma beboleka izimali kubo kanye nezinye izidingo , babuyise lemiqulu kubanikazi bayo makungenjalo bazobhekana nengalo yomthetho. Sikhuthaza bonke esibambisene nabo okufaka kubo neminyango kahulumeni abashayimithetho, izinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni (NGOs), izinhlangano zamabandla kanye namaphoyisa ukuthi bangenele umkhankaso wokubuyiswa kwalemiqulu ebanjwe ngokungekho emthethweni yilabanikezeli ngezidingo abangekho emthethweni kanye nosomabhizinisi.

Njengengxenye yomkhankaso sesizibekela umnqamlajuqu womhla zingamashumi amathathu nanye ku Ncwaba (31st August) 2011 wokuthi wonke amabhizinisi ngamaphakathi emagcekeni awo, kuzomele abonise ngemibhalo ecacile noma ngabe iyiphi indlela yezokuxhumana, azise abathengi ngamalungelo

abo. Siyakhola ukuthi kubalula kosomabhizinisi ukuphendula ukukhononda nokuziphatha kwabathengi, uma ngabe baziswe bafundiswa kakhulu ngamalungelo abo kanye nokuziphatha kwabo. Ngempela umthengi kumele abe yinkosi KwaZulu Natali.

c) *Uhlaka lokuHlela oluHlanganisiwe IwesiFundazwe*

Njengomnyango obhekele kakhulu ezomkhakha wezomnotho Nengqalasizinda (Economic Sector and Infrastructure Cluster) siyaqonda ukuthi ukuze sifinyelele kwinkololo yezokukhulisa kwamathuba emisebenzi esifundazweni ngo-2015, umkhakha ozimele yiwona ozoba phambuili ekuphumeleleni ngaloluhlelo. Ngakho ke uhulumeni kumele avulele amathuba ukugqugquzelwa ukunwebeka kwezimboni ngokunikezelwa ngengqalasizinda yokwesekela nokuphathwa kwezimboni okusezingeni nokuthuthukisiwe. Ngalokhu , izinhlelo zenngqalasizinda sezikhonjiwe ezizothola ukwesekelwa okuhlanganisiwe nokubuya eminyangweni kahulumeni ethintekayo nebalulekile. Loluhlelo luzodinga futhi ukuhlelwa okuhlangene kwezinhlaka zikahulumeni zikazwelonke nezezfundazwe. Manje ke sisohlelweni lokuphetha uhlaka lokaHlela oluHlanganisiwe (integrated planning framework), oluzofuqa ukusebenza kwezinsizakalo zikahulumeni hhayi kwizakhamuzi nje kuphela kepha kwandise nesibindi sabatshali zimali.

d) *Isikhwama sohlelo olusabalele lokuThuthukiswa ngokuLinganayo kwaBantu abaNsundu kwezoMnotho*

Uhlelo olusabalele lokuthuthukiswa ngokulinganayo kwabantu abansundu kwezomnotho (Broad-Based Black Economic Empowerment (B-BBEE) initiative) luyaqhube ka luba ngezinye zezinjini zokusheshisa ukuguqulwa kwezomnotho ezwensi lethu. Ukukhula kwalomgomu, nesikubona ngokuqaphela kwethu , inzululwazi esejenziwe (Practical Experiences) kanye nje nokwenziwa kwawo emhlabeni , sekuyakhanya ukuthi ukutholakala koxhaso lwezimali ukuqhube ka nohlelo lwe B-BBEE , kuyaqhube ka nokuba yinselelo. Lokhu kuchaza ukuthi izinga lokuguqulwa komnotho nokuthula abazodlala indima emnothweni kuhamba ngonyawo lonwabu ngendlela engabekezeleki. Noma ngabe ababhekele ukwazisa ngohlelo bebeke ebandla izinhlelo ezsinqoka kwezomnotho nokutshalwa kwezimali, namanje abakwazi ukuphumelela ngalezhlelo ngoba bona ngokwabo abakwazi ukuphakamisa ukulingana kulezhlelo.

Manje ke simemezela ukuthi sisungula isikhwama sezokulingana kwezokusimisa ngakwezomnotho i-B-BBEE Equity Fund futhi kusenjalo sesithintene nezikhungu zezikuthuthukisa ngezimali njenge Industrial

Development Corporation (IDC), National Empowerment Fund (NEF), Ithala kanye ne-Growth Fund. Lesis'khwama sizosebenza ngendlela yokuqaphela ukuthi ozoxhaswa ngamunye usexhaswe kangaki (capped threshold) ukuze sisize abazisa ngezinhlelo abaningi. Lesisikhwama sizoqala ukusebenza ngomhla lulunye ku-Nhlanguana (1st June 2011).

Lesisikhwama sesibekelwe eceleni isamba semali elinganisewa ezigidini ezingamashumi ayisishiyahalombilli zamarandi (R80 million).

e) *Ukuxhasa ngeziMali aMabhizinisi aMancane*

Ubumqoka bamabhzinisi amancane kanye nokuhweba okungabhalisiwe ekudaleni amathuba emisebenzi nokukhula nje kuqoshwe phansi. Ukuqqwa kwezindlela ezifanele nezehlukene zokuxhasa ngezimali selokhu kukhula nje eminyakeni embalwa edlule. Iqhaza esingakholelw ka libhekwe ngokwanele endaweni yokuxhasa ngezimali osomabhzinisi abancane. Umnyango ubuyekeze izindlela ezahlukene zokuxhasa ngezimali futhi ke ususemaphethelweni okuhlanganisa izindlela ezikhona manje nesezike zahlolisiswa ezifundeni ezihlukene zesifundazwe. Impumelelo yalendlela yokuxhasa ilele kwisisekelo sokuzibandakanya komphakathi kanye nokwelusa ukubuyiswa kwezimali kwamalunga awo. Isikhwama sokuxhasa ngezimali somphakathi siphethwe yikomiti elikhethwe ngumphakathi kanye nomlingani wezimali esibambisene naye ukunikezela ngokwesekela ukuphathwa kwaso. Sibekele ethala imali engangezigidi ezingamashumi ayisithupha zamarandi (R60million) ukuqhubeka naloluhlelo futhi ke sizobe sivulela isikhwama ibhizinisi ngo Ntulikazi (July) walonyaka.

g) *Ukuthuthukiswa kweMizila yezokuVakasha*

Ukundizela esikhumulweni sezindiza i-Durban/King Shaka International Airport phakathi kuka-Nhlolanja (January) ka-2010 no Lwezi (November) ka-2010 kukhuphuke ngo-10,5% uma kuqhathaniswa nesikhathi esifanayo ngo-2009. Lokhu futhi beku ngukuphela kwesikhathi esingaphezu konyaka selokhu abezindiza i- Emirates Airline baqala ukundiza nsuku zonke phakathi kwe-Theku ne-Dubai. Kuyakhuthaza ke ukuthi kubikwa ukuthi lomzila , onyakeni wokuqala nje ulayishe ngaphezu kuka-70% wabagibeli , nalokho ke futhi okuhle kakhulu ngamazinga omhlaba ngomzila osanda kusungulwa. I-Air Maritius, ebindizela eThekwini ikanye ngeviki, nayo futhi yandise ukundizela eThekwini kabili ngeviki. Kwenziwa ukubambisana okwengeziwe ne-Air Maritius ukukhulisa izindiza ezindizela esifundazweni. Njengengxenye yemizamo

yethu ukuheha izindiza eziningi esifundazweni, isifundazwe sibambe ingqungquhela yebhodi yezindiza I Board for Airlines Representatives of South Africa (BARSA) , omalungu ayo afaka izinkampani zezindiza ezindizela eNingizimu Africa.

Lokhu kuni kezele ngethuba lokubekela indawo yethu kude kanye nengqalasizinda yezindiza. Kunzezingxoxo eziqhukayeo nezinye izinkampani zezindiza ngombono wokubeka eminye imizila elula ukusuka nokuya e-King Shaka International Airport.

- Ubulula bokungena ngomoyo bukhonjwe njengento ebalulekile ukukhulisa ezokuvakasha ezingenayo. Lokhu kusemqoka emizileni emide nemifishane. Kungalesizathu ke ukuthi isifundazwe siphothula uhlelo lwezokusimamisa imizila (Route Development Programme), ukwesekela izinkampani zezindiza ukuqala imizila emide yesifunda engenela eKing Shaka International Airport. Loluhlelo luhlose ukwesekela ngezindlela ezahlukene ukuqinisekisa ukuthi lemizila yokuqala iyagcineka izinze.

Uma nje loluhlelo seluphuthuliwe, luzobe selwaziswa kulabo abanogqozi kanye nemibandela yalo.

h) Ukutholakala kweziMali okuHlanganisiwe

Sekube nesibalio sezimali esezipenyezelwe ukwesekela nokuzinzisa ukukhula komnotho, okufaka u-R9 billion Job Creation Fund kanye no R10 billion IDC Fund okubheka kulokhu: ukuvuselelwa komkhakha wezokukhiqiza. Lezikhwama azibekelwe eceleni. Kepha zizosiza kokunye ukuheha, nabatshali zimali bangaphandle kwesifundazwe sethu ukuzokwakhwa izimboni zabo esifundazweni sa-KwaZulu-Natal sifufe nokukhula okunwebekile. Kuyinhloso yethu ukuqinisekisa ukuthi i-KwaZulu-Natal ithola esayo isabelo esilinganayo kulezikhwama zentuthuko nokudala amathuba emisebenzi.

Sizophumelela kulokhu uma sizilungiselele ngokwanele ngezinhlelo ezihlwelwe kahle zancika kakhulu futhi kwimigomo ezwakalayo yamabhizinisi nezimali nezibalulekile futhi ekukhuliseni imisebenzi. Ngalokhu ke sisohlelweni lokusungula izikhungu esisezingeni eliphezulu esinongcweti esizosiza kokunye ukuyala ngemiguqu efanele okumele kuhanjwe ngayo ukuthola lezimali, ukuxhumanisa abantu namathuba emisebenzi baphinde futhi baqinisekise ukuthi izinhlelo zethu ziyazuza kulezikhwama zemali. Lesikhungu sizosiza futhi ukukhomba , ukuqoqa sazise ngezinhlelo zokutshala izimali kuncike kakhulu ekuhlaziyi okunzulu kwemikhakha ecacise nebonisa ngezindawo ezinamatuhba okukhula emagcekeni e-PSEDS. Ngaphandle kwalokhu kungenelela okuqondile, thina njengesifundazwe singadlala indima ukuqinisekisa

ukuthi izimali ziyatholakala ukusiza ekukhuliseni umnotho. Isifundazwe singakwazi ngobuchwepheshe baso obusezingeni kanye nengqalasizinda ukufinyelela ezingeni eliphezulu lokukhula komnotho. Loluhlelo luzophulelela kuphela ngokubambisana nomkhakha ozimele wangasese ozoba yilungu elibalulekile ethimbeni elisunguliwe. Lelithimba eliseqophelweni eliphezulu lizobe selisebenza ukusuka ngomhla lulunye ku-Nhlaba (1st May) 2011.

6. ISIPHETHO:

Umnotho waKwaZulu-Natal kumele ubambe ithuba esilinikezwu yi-New Growth Path, ukuguquka komnotho emva kokuntengantenga kwawo emhlabeni , ukuhlanganiswa komnotho esifundeni kanye nezinye izinhlelo zentuthuko. Ukuthi siwathatha kanjani siwasebenzise kanjani lamathuba yikhona okuzokhomba ukuthi ingabe sakha umnotho othintekayo nobonisa ukuthi yebo singaba nomnotho osebenzayo nozinzile noma siba nje wumnotho osezingeni eliphansi nojwayelekile. Sisho lokhu ngoba siyaqonda ukuthi, ikakhulukazi esimweni sethu somnotho okhulayo, akunalutho oluzomba eqolo kunokuphuthelwa yilelithuba lokukhula komnotho nokusimama. Manje yisikhathi esicacile sokukhula ngokwabelana. Siyasuka manje ohlakeni lokuntengantenga siya esikhathini esicacile sokukhula ngokwabelana, lapho ukukhula kubalulekile kujabulisa futhi.

Sihlalo, sizoqinisekisa ukuthi sinokubhekana okungaphazamiseki kalula nayo yonke inzupo ezolethwa yilamathuba acacisa yinkulomo yesabelo mali sikazwe lonke. Izinsiza ezibalulekile ziyatholakala emikhakheni ezimele yangasese futhi ke kudingeka siqinisekise ukuthi silawula inqolobane (fiscus) kahulumeni ithola ukukhula nalokho ke okuzoba nomthelela ekukhuliseni imisebenzi.

Ngithanda ukuphetha ngokubonga uSihlalo weKomiti lezokuThuthukiswa koMnotho nezokuVakasha, uMhlnishwa, uMnuz Nhlakanipho Ntombela ngokusesekela kwakhe kulonyaka wonke. Ngithanda futhi ukuthatha lelithuba ukuthi ngibonge zonke izisebenzi zoMnyango nezinye izikhungo ngokuqhubeka kwabo ukusesekela ngokuqhubeka konyaka ukuqinisekisa ukuthi siyakwazi ukufinyelele kwinkololo yethu kanye ke nejoka lethu lokusiza ukusimamisa umnotho esifundazweni. Siyaqhubeka ukusebenza kanzima ukuphucula izinsizakalo zethu nomthelela isabelo mali sethu esinawo kwizakhamuzi kanye namabhizinisi alesis'fundazwe.

Ngifisa ukubonga umndeni wami ikakhulukazi unkosikazi wami u-MaDlamini, ngokungesekela kwakhe ngazo zonke izikhathi emizamweni nogqozi lwami ukwenza umsebenzi wami ngendlela abantu bethu ababheke ukuthi siwenza ngayo.

Manje sengethula isabelo so-Mnyango esingu-Vote Four, okungu-Mnyango wezoku-Thuthukiswa ko-Mnotho nezoku-Vakasha sonyaka ka-2011/2012 ngokwezinhlelo ezilandelayo:

UHLELO	ISABELO MALI (R'000)
Ezokuphatha	
Ezokuthuthukiswa koMnotho eziDidiyelwe	491 932
Ezokuhwebelana neNtuthuko yeziMboni	715 471
UkuLawulwa kwamaBhizinisi Nokuphatha	75 222
Ukuhlelwa kwezoMnotho	18 715
INANI ELIPHELELE	1 486 950

Sengiqhubekela ekwethuleni isabelomali sika **R1, 486, 950, 000** sonyaka wezimali ka-2011/2012.

Michael Mabuyakhulu, MPP
U-Ngqongqoshe wezoku-Thuthukiswa ko-Mnotho nezoku-Vakasha KwaZulu-Natal
Usuku: 25 Mbasa 2011